

Udlulisa umlayezo ngokugijima . . .

Ulwa nodlame olubhekiswe kwabesifazane nezingane uSamuel

LUNGA NTULI

ISEMIKHANKSWENI yokuqopha umlando insizwa esencane efunda eDurban University of Technology, uSamuel Ntsanwisi, 25 — usuke eThekwini ngoLwesihlanu egijima elibangise eLimpopo.

Kulindeleke agijime ibanga ul 010 km.


UNtsanwisi utshela iSunday Times Zulu Edition ukuthi lena yiyona ndlela anikela ngayo ekuqwashiseni ngokuhlukunyezwa kwabantwana nabantu besifazane okuhambisana nomkhankaso kazwelonke owaziwa nge-“16 Days of Activism Against Women and Children Abuse”.

Uthe lolu hambo lwakhe lufana nobizo njengoba ekholelwa kuNkulunkulu.

“Ngiyazi abantu abanengi bayazibuza ukuthi engabe ngingenwe yini. Lesi kube yisibonakaliso esivela kuMdali ukuthi nami angibambe iqhaza ekuhlukumezweni kwabantu besifazane nezingane,” kusho uNtsanwisi, ophothule izifundo ze-BTech kuvideo technology eDurban University of Technology.

Le nsizwa ithathe uhambo olusuke ngoLwesihlanu ekuseni eDurban University of Technology ngehora lokuqala entathakusa, kanti kulindeleke ukuthi lumthathe izinsuku eziwu-16.

UNtsanwisi wenza lokhu nje akukho ngisho nesenti azolithola ngakho, yize luxhaswe yiNational Youth Development Agency. “Kuyiqiniso ukuthi akekho umuntu ongenza le nto engiyenzayo



ISITHUNYWA: USamuel Ntsanwisi

Isithombe: SITHUNYELWE

noseke wayenza. Yingakho ngithi uMdali kuphela ozobe enami uma ngiqala ngize ngiqede. Ukuthi kufanele yini ngempela ukugijima uze ungazizwa izinyawo zakho ukuthi zisekhona yini, uNkulunkulu kuphela ongaphendula lowo mbuzo,” kusho uNtsanwisi.

Yize ibanga lithe ukuba lide kulokhu, le nsizwa ayiqali ukugijima ibanga elide — nakuba engakaze ayingenele iComrades Marathon futhi engahaleli.

Ngonyaka odlule wasuka eGoli waya eLimpopo — okuyibanga eliwu-500 km.

Lokhu kwamthatha izinsuku eziwu-6. Okuthusayo ngaye nokho ukuthi ngesikhathi esakhula

ubegijima amabanga amafishane wodwa. “Beningayifuni nokuyizwa indaba yokugijima amabanga amade, kodwa ngokuhamba kwesikhathi, ngicine sengiyenza.

Ngonyaka odlule ngagijima izinsuku eziwu-6, ngisuka eGoli ngiya eLimpopo, kanti nakulokhu ngiyethemba ukuthi uMdali uzoba nami. Ngaphambi kokuba ngiqale uhambo lwami ngike ngingalucabangi ukuthi luzobe lunjani, noma sengisengwaqweni ngivele ngingazi ukuthi kwenzakalani kumina,” kulanda le nsizwa engafani nabanye abagijimi ngendlela eyondleke ngayo.

Lokhu akakwenzeli ukuthola imali eza kuyena kodwa uthe imali

azoyithola izosetshenziswa ekwakheni isikhungo sezemidlalo ngakubo, eNkqokweni. Kulesi sikhungo kulindeleke ukuthi kudlalwe imidlalo enhlobonhlobo kuphinde kusizwe intsha ngezingqinamba ebhekene nazo.

Ngale kwalokho ukugijima kwakhe uthe ufuna ukutshengisa abantu besifazane nezingane ukuthi ayikho into engenzeki ngoNkulunkulu. “Angikaze ngihlukumezeke, futhi nasekhaya akekho umuntu owahlukunyezwa. Ngiyazi ngeke kuze kube lula kodwa uma mina ngingakwazi ukuqwashisa abantu ngakho, cishe nabanye abantu bazovuleka amehlo.”

Akuyona yodwa le nsizwa ezobe igijima kodwa izobe iphelezela abanye nokuhlanganisa intokazi yaKwaZulu-Natal, uMakhosi Mhlongo. Le ntokazi engeyokuzalwa eHammarisdale izogijima izinsuku ezintathu yona iwushiye endleleni umjaho.

“Ngiyajabula kakhulu ngokuthola ithuba eliyinqayizivele. Ngithemba ukuthi zonke izinto zizohamba kahle,” kusho yena. Isikhulu esiphezulu kwiNational Youth Development Agency, uSteven Ngubeni, sithe bakubone kubafanele ukuxhasa uNtsanwisi.

“Kuka ningi sithola izicelo abantu befuna usizo kodwa kuyaqala okwalolu hlobo.

“Le nsizwa ibingakhetha ukuzifunela umsebenzi isebenzisa iziqu zayo, kodwa yakhetha ukuzikhohlwa yona yafuna ukusiza izwe. Siziqhenya kakhulu ngokubamba iqhaza ekumesekeni,” kusho uNgubeni.

Uma le nsizwa igcina iluqedile lolu hambo ezihlelele yona, izobe iqophe umlando kuleli kanti futhi yethemba ukuthi baningi abazozuzana ngohambo lwayo.

“Kumina, okubalulekile ukuthi kusizakale abanye abantu. Enye imali ezotholakala la sizokwazi ukusiza izintandane eziswele indawo yokuhlala.

“Angiyena umgijimi wamabanga amade futhi angiziboni ngigijima iComrades, kodwa uma ngikwazile ukufika eLimpopo, nokuyinto engizoyenza, ngithemba ukuthi abantu impilo bazoyibuka ngelinye iso,” kusho yena.